

# Ukukhulisa Ukuqwashisa Ngemediya

Ababambiqhaza bazofunda futhi babone izindlela ezahlukahlukene zohlobo lwemediya ezingasetshenziselwa ukuqwashisa nxazonke zenkinga.

# **Ukusebenzisa Imediya Ngenxa Yoshintsho**

## **Ingxenye Yokuqala**

### **Tshela Abafundi Bakho**

Imediya iyithuluzi elijabulisayo lokwabelana nabanye ngamasu. Kwabaningi, amapulatifomu emediya yedijithali ayizindlela ezithandwayo zokukhuluma ngomlayezo wabo. Ngokwesibonelo, i-HolaSoyGerman isebeenzisa i-YouTube ukuze yabelane nabantu ngezindaba ezhlekisayo emhlabenai kabanzi bese i-Malala Yousafzai isebeenzise i-Twitter ukuze imelele amalungelo abesimame nentsha.

Ngezinye izikhathi, abammeli abasha basebeenzisa imediya yedijithali ukuze babhekane nezinkinga eziqondile. Ngokwesibonelo, U-Amandla Stenberg ngumlingisi osemusha nomshiseki owakhipha ividiyo ngo-2015 ephathelene nosiko lwabansundu kanye nokufaneleka kosiko ekilasini lakhe lomlando. Ngokukhipha le ividiyo, wafana nommeli owaqwashisa ngendaba ayishisekelayo. Abanyeabantu bathanda ukusebenzisa i-analog, amapulatifomu wemediya engenadijithali njenge-TV, umsakazo, noma amaphephandaba ukutshela abanyeabantu ngamasu abo.

Esikrinini esiphambi kwegumbi, bonisa ividiyo yakamvua njengesibonelo esihambisana nababambiqhaza bendawo / besifunda eveza umongo obonisa ukuthi imediya ingasetshenziswa kanjani ekuqwashiseni nebummelini nxazonke zembangela ethile.

### **Tshela Abafundi Bakho**

Njengabammeli boshintsho, imediya yazo zonke izinhlobo ingaba yithuluzi elinamandla lokufinyelela imigomo yakho. Kulo msebenzi olandelayo, uzobona amasu okwenza umlayezo nokuwusakaza ngamamediya ezinhlobonhlobo ukuze ufinyelele abantu abaningu.

# Isabelo

## Ingxenye Yokuqala

### Tshela Abafundi Bakho

Thola isibonelo semediya (isib., ividiyo ye-YouTube, okuxhonywe ku-Facebook, isithombe) esikhuthazayo esingaba yindlela enhle yokusiza ekusakazi umlayezo ngembangela oyikhathalelayo. Sizoba nemizuzu engu-15 yokuthola lokhu okuqukhethwe. Emva kwalokho, umbambiqhaza ngamunye uzobonisa iqembu lokho akutholile nokuthi kungani ecabanga ukuthi kuyisikhuthazo.

### Ukuhileleka Kwekilasi

Nikeza ababambiqhaza imizuzu engu-15 yokuthola isibonelo semediya abakholelwa ukuba siwusakaza ngempumelelo umlayezo wale nkinga. Emva kwalokho, thatha imizuzu engu-15 yokucela umbambiqhaza ngamunye ukuba achaze noma abonise imediya egenjini, bese baxoxe ngokuthi kungani becabanga ukuba ziyisikhuthazo.

Ingxenye yesibili yalesi sabelo ingaphethwa phakathi nohlanganyelo lwaleli qembu noma elesibili, kuye ngesikhathi esinikeziwe.

## Ingxenye Yesibili

### Tshela Abafundi Bakho

Manje njengoba senithole futhi naxoxisana ngesibonelo esiyisikhuthazo nesiphumelelajo semediya ekuthuthukiseni imbangela, sekuyisikhathi sokuba nizenzele okwenu okuqukhethwe kwemediya nxazonke zembangela eniyikhathalelayo. Emizuzwini engu-20 elandelayo, cabanga ngembangela ebalulekile kuwe bese ubhale isu lakho ngohlobo oluthile oluqondile lwemediya ukuze uqwashise nxazonke zembangela. Lokhu kungase kuhilele:

1. Okuxhonyiwe kwamagama okusho imbangela yakho nokuthi kungani abantu kumelwe bathathe isinyathelo.
2. Isu lesithombe noma okubukwayo (noma isithombe/okubukwayo ngokwakho) lisho imbangela nokuthi abanye bangasiza kanjani ekusekeleni.
3. Isu ngevidiyo luyaqwahisa futhi lukhuthaze ekuthatheni isinyathelo nxazonke zembangela.

Ngaphezu kwaleli su, sicela ubhale phansi:

1. Okungenani izindlela ezimbili ongasakaza ngazo umlayezo wemediya yakho

ukuze wandise ukubonakala nokuqwasha kwembangela.

### **Ukuhileleka Kwekilasi**

Nikeza ababambiqhaza imizuzu engu-20 ukuba babhale amasu abo. Emva kwalokho, cela ababambiqhaza babelane neqembu elikhulu lokho abakubhalile. Thathani imizuzu engu-15 nioxisisane.